

USARS UYASEMUKELA ISINQUMO SENKANTOLO YOMTHETHOSISEKELO UDABENI LWE-REGIMENTS CAPITAL

Tshwane, ngoLwesihlanu 18 kuNcwaba 2023 – Ukhomishana woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS), uMnu Edward Kieswetter, usamukele isinqumo seNkantolo yoMthethosisekelo esikhiphe izolo (17 kuNcwaba 2023) odabeni oluthinta i-Regiments Capital (Pty) Ltd.

INkantolo yoMthethosisekelo isichithile isicelo ebesifakwe abaqondisi be-Regiments Capital ecwile ezikweletini sokudlulisa icala ngesinqumo esakhishwa yiNkantolo Enkulu Yokudluliswa Kwamacala (i-SCA) esaseseka ukuvalwa kokusebenza nokuqoqwa kwempahla yebhizinisi le-Regiments Capital njengoba sasiphikiswa uSARS egameni lalabo abakwelwetwayo ezinqubweni zokuhlakazwa kwebhizinisi. INkantolo yoMthethosisekelo, emva kokubheka isicelo sokudluliswa kwecala, iphethe ngokuthi abanalo igunya phezu kwalolu daba. Ngenxa yalokho, isicelo sokudlulisa icala sichithiwe.

Ngaphambilini uSARS wafaka isicelo ku-SCA waphinde wadlulisa icala ngesinqumo soMnyango waseGauteng weNkantolo Ephakeme esasibeka eceleni ukumiswa kokusebenza nokuqoqwa kwempahla ye-Regiments. Isinqumo se-SCA sakhishwa mhla ziyi-18 kuNdasa 2023, esaseseka isicelo sokudluliswa kwecala ngesinqumo soMnyango waseGauteng weNkantolo Ephakeme, eJohannesburg, sichithwe nezindleko kwababili Abeluleki.

Ngesikhathi sale nqubo, uSARS wenza uhlobo olwaba imali engu-R 690 million ngokwesigaba 42(5) soMthetho Wokuphathwa Kwentela.

Isinqumo seNkantolo yoMthethosisekelo siqinisekisa ukuthi izinqubo zokuhlakazwa kwebhizinisi kumele ziqhubeke ukuze bonke ababolekisi abathobela imigomo yentela bakwazi ukuzuzwa. UKhomishana wakwaSARS uMnu Edward Kieswetter uthe “uSARS uthathe isinqumo sokuqhubeka nalolu daba luze lube sesiphethweni ngenxa yokuthi ukholelwa ukuthi inkampani yakwenza lokhu ngenhloso yokulahlekelisa ababolekisi. Abakhokhintela abafana nalaba bancisha uHulumeni izinsizakusebenza ezivele ziyingcosana ukwazi ukuhlinzeka usizo oluyisisekelo kulabo abahlwempu nabasebungozini. Abakhokhintela abangayithobeli imigomo yentela kumele babone

ukuthi uSARS uzimisele ngokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kulabo abahlala befuna izindlela namaqhingana okubalekela izibophezelo zabo,” kusho uMnu Kieswetter.

Ngolwazi olwengeziwe xhumana ne SarsMedia@sars.gov.za